- They are able to talk about sensitive issues and their concerns
- They trust each other and are honest with each other
- They help each other through difficult times
- They do not take advantage of each other
- Neither person pressures the other person to have sex
- They are faithful to each other
- They share the responsibility of preventing infection and unplanned pregnancy

Take home point

Ukuxoxa nomuntu wakho osemusha mayelana nokuthi yini eyenza ubudlelwane obuhle yindlela yokwabelana ngalokho okuyigugu kuwe. Kungaphinde kusize abantu abasebasha ukuthi bathathe izinqumo ezinhle mayelana nohlobo lobudlelwane abafuna ukuba kubo. Ubudlelwane obungenakho ukunakekela nokuhloniphana nhlangothi zombili buyisimo esiyingozi. Ubudlelwane obuhle busiza bobabili abantu bahlale kahle futhi bazizwe besekekile.



⁸ Vhutshilo 2.2, ASPIRES project by FHI 360 and Health and Education Training and Technical Assistance Services (HETTAS).

EXERCISE 3: GUIDANCE FOR SENSITIVE SITUATIONS⁹



(30 minutes)

Rationale

Effectively communicating about sexual health is one way for caregivers to help adolescents make decisions that safeguard their wellbeing. Adolescents need more than just answers to the questions they ask – many will have questions they are hesitant to bring to a parent or caregiver, and misinformation from peers and other sources is common. This session will prepare caregivers to offer guidance for sensitive situations by initiating discussions about peer pressure, condom use and other topics related to sexual health.



Instructions (Part 1)

1. Introduce '**Role-play: Phindi's boyfriend,**' and read out the scenario. Then act '**Role-play 1**' out for the group between the facilitators using the script provided. Conduct the '**Group discussion 1.**'
2. Act '**Role-play 2**' out for the group. Conduct the '**Group discussion 2**' questions to obtain feedback about the comparison between both caregiver reactions.
3. Conduct '**Group discussion 3**' to introduce the three role-play scenarios and to brainstorm with caregivers about what they would want to tell the adolescent in each situation. Write their answers on the flipchart. Refer to '**Facilitator guidance: Handling pressure to have sex and safe sex practices**' to aid the discussion as needed. To conclude the discussion, remind them also that they should not wait for these situations to occur to begin to speak to adolescents about these issues, but to rather find everyday opportunities to discuss such matters.
4. Divide the participants into groups of 3, where one participant will play the caregiver, one will play the adolescent and the third will observe and give feedback to the pair. Assign them the three scenarios and explain that they should switch roles for each scenario. Emphasize that participants playing the caregiver role should practice active listening, and other strategies discussed for communicating with adolescents about sexual health. Check on each group's progress and assist where there are any difficulties. Refer to '**Role-play instructions**' as needed.

⁹ Adapted from Miller, S. (1995) Teens and Adults Learning to Communicate (TALC: LA), Phase 2, Session 15, Exercise 5. Los Angeles: Center for HIV Identification, Prevention and Treatment Services.

» *Note to Facilitator:* The gender of the adolescent who has a condom is intentionally left undescribed. If participants ask, you can tell them to decide on the adolescent's gender and to consider what difference it would make to their discussion—this will also be a discussion point at the end of the role-play. If they do not ask, you can probe on what gender they assumed, and if and how changing it would have altered their discussion.

5. After 15 minutes, reconvene the group and conduct '**Group discussion 4.**' Conduct separately the three question sets: '*Questions for the Adolescent*', '*Questions for the Caregiver*' and '*Question for the Group.*' Probe if needed, asking questions like, "Did you feel awkward or embarrassed? Was it easy or hard?" Reinforce reasons why it is important for both girls and boys to be prepared for condom use and how both sexes face pressure to engage in unwanted sex.
6. Review the '**Take home point.**'



Role-play: Phindi's boyfriend

Sixoxile ngokuthi singabhekana kanjani nokungaphatheki kahle futhi nokuqala ingxoxo emayelana nezocansi nobudlelwane nabantu bethu abasebasha. Njengamanje sizozijwayeza lokho ebekade sikufunda ngokuthi senze imidlalo. Uma siqala, mina nomgquguzeli engisebenzisana naye sizokhombisa ngokungasekwenziwe umnakekeli okuwusizo nokungesilo usizo esimeni esibucayi esibandakanya izindaba zempilo yezocansi. Ngizofunda umfanekisosimo ukuhlinzeka ngobunjalo besimo siyobe sesenza umdlalo.



Scenario

Umnakekeli uzwa isoka lomuntu wakhe osemusha limtshela ukuthi bazohlukana uma bengaqali ukuya ocansini.



Role-play 1: Indlela engeyinhle yomnakekeli yokubhekana nengcindezi evela kumlingani

Mama (ememeza futhi ethukuthele): Phindi woza la manje nje!

Phindi (ungena ekamelweni): Yebo, mama?

Mama (ememeza futhi ethukuthele): Phindi yini lo mbhedo engikuzwe uwutshela uSibusiso! Usemncane kabi ukuthi ungacabanga ngokuya ocansini! Akumele ukuthi ube nesoka! Angifuni ukuthi uphinde ubonane nalo mfana! Mtshela aphume emzini wami!

Phindi (ethukuthele): Kodwa mama...

Mama (ephazamisa uPhindi ngaphambi kokuthi akhulume): Angifuni ukuzwa izindaba zakho! Kumele uhloniphe abantu abadala kuwe, ungangiphenduli! Usengumntwana futhi angifuni ukuthi uhlale nabafana noma ucabange ngokuya ocansini! Usemncane kabi ukuthi ungacabanga ngalezo zinto!

Phindi (ephoxekile futhi ethukuthele): Yebo, mama.

UPhindi uyaphuma ekamelweni ethule. Umnakekeli ulahlela izandla zakhe phezulu uyahamba uqonda eceleni.



Group discussion 1

- Ucabanga ukuthi kungani le ngxoxo ingahambanga kahle?
- Umnakekeli angayenza kanjani ngcono indlela yakhe yokwenza?



Role-play 2: Ukwenza kangcono indlela yokusabela yomnakekeli yokubhekana nengcindezi evela kumlingani

Umnakekeli uhlala eduze komuntu osemusha uma eseyedwa, emva kokuba isoka lakhe lihambile.

Mama (wehlise umoya futhi ukhathazekile): Phindi ngikhathazekile ngento ethile. Singakhuluma?

Phindi Yebo mama, kwenzenjani?

Mama (ehlise umoya futhi ekhombisa ukukhathazeka): Phindi ngidlule ngasekamelweni lakho ngaphambilini ngezwa lokho uSibusiso akushilo kuwe. Kube yingozi, bengingalele ingxoxo yenu. Kubonakala sengathi uyakucindezela ukuthi uye ocansini naye.

Phindi (uthule): ...

Mama (ehlise umoya futhi ekhombisa ukukhathazeka): Phindi ngikhathazekile ngalokho engikuzwile. Akulungile ukuthi umuntu akuphoqe ukuthi wenze into ongafuni ukuyenza. Uyingane yami futhi ngifuna uzizwe ukhululekile ukuxoxa nami ngalezi zinto.

Phindi Kulungile mama. Yebo, uSibusiso uthesizohlukana uma singayi ocansini ngokushesha. Angicabangi ukuthi sengikulungele kodwa ngiyamthanda futhi angifuni ukulahlekelwa uye. Angazi ukuthi kumele ngenzeni.

Mama Ngiyaziqhenya ngawe ngokulinda ngaphambi kokuthi uye ocansini. Kuyindlela enhle yokubalekela ukukhulelwa nezifo ezifana ne-HIV. Futhi yisinqumo esikhulu nesihle okungamele senziwe ngokucindezeleka. Uma ufuna, singazilungiselela sizifundise izindlela ezehlukene zokuthi cha kuSibusiso. Uma ekukhathalele uyosihlonipha isinqumo sakho futhi angabelokhu ekuphoqelela.



Group discussion 2

- Ucabanga ukuthi le ngxoxo ihambe kanjani?
- Yini eyenziwe umnakekeli oyithandile?
- Uma udlale waba umnakekeli, ngabe ikhona into obuzoyenza ngokuhlukile? Uma kunjalo, yini?



Group discussion 3

Kulungile, manje sekuyithuba lakho! Sizokwenza imidlalo ukuze wonke umuntu abe nethuba lokuzijwayeza ukuxoxa nomuntu wakhe osemusha ngemifanekisosimo evamile. Imifanekisosimo emithathu esizosebenza ngayo imi kanje:

[Post the flipchart paper with the pre-written scenarios]

Isigcawu soku-1: Umnakekeli uzwa umngani womuntu wakhe osemusha ethi kungabakuhle uma engathola isoka elidala kunaye ngoba bakhale kakhulu ocansini futhi bavama ukunikezana izipho.


Isigcawu sesi-2: Umnakekeli uzwa abangani bomuntu osemusha wesilisa bemphoqelela ukuthi 'aye ocansini kangingi' (ukuya ocansini kangingi kakhulu).

Isigcawu sesi-3: Umnakekeli uthola ikhondomu ezintweni zomuntu osemusha.

- Ngaphambi kokuthi siqale, asixoxe ngokuthi yini ongafuna ukuthi uyitshela umuntu osemusha uma lezi zimo zenzeka kuwe?

Konke enikushoyo ngizokubhala kwifliphushathi .

Le yimiqondo emihle kakhulu. Futhi ngifuna ukugcizelela ukuthi akumele ulinde kuze kwenzekwe into efana nalena ukuze uqale ukukhuluma nomuntu wakho osemusha. Impilo yansukuzonke ihlinzeka ngamathuba amaningi okukhuluma ngezocansi, futhi kumele usebenzise la mathuba ukuxoxa ngolwazi kanye nokuzijwayeza ukuxhumana ngempumelelo.



Facilitator guidance

Handling pressure to have sex and safe sex practices

1. **Talk with your adolescent about reasons to wait to have sex.** Remind your adolescent that they can choose to wait (abstain) even if they have had sex before. Waiting to have sex reduces the risk of HIV and other STIs.
2. **Reassure your teen that not everyone is having sex, and that it is okay not to.** The decision to become sexually active is too important to be based on what other people think or do.
3. **Talk with your adolescent about ways to handle pressure from others to have sex.** Practicing saying no is one way to do this, using some of the communication skills we have been practicing, such as being positive and respectful while also being assertive, using "I" messages, clearly stating what they want and why and how they will feel if they get it.
4. **Talk with your adolescent about risks with older partners and those who may expect 'something for something sex.'** Older partners are more likely to have HIV and other STIs because they have more sexual experience. It may also feel more difficult to say no to an older partner because they may appear as an 'authority figure.' A gift is never a reason to put themselves at risk or to have unwanted sex.
5. Even if your adolescent is not sexually active, you can **discuss ways they can avoid infection and pregnancy so they are informed when the time comes.** The best way to protect oneself against STIs and HIV is to choose not to have sex (abstinence.) The next best option is to have a relationship with just one person who is not having sex with anyone else and whose HIV status you know is negative (mutually monogamous relationship.) If you choose to have sex, the best way to protect yourself is to use condoms correctly, every time. Condoms provide dual protection, meaning they prevent infections such as HIV, as well as pregnancy.
6. **Encourage condom use as everyone's responsibility.** It is important to encourage girls as well as boys to be prepared for condom use. They should know how to use them, where to get them, to have them when or if they might need them, and to be comfortable initiating and negotiating condom use with their partner. These are skills we will be covering with adolescents in their sessions and things caregivers can reinforce at home. Remember, having a condom does NOT necessarily mean that your adolescent is already having sex. But if they are, carrying a condom means your adolescent is taking steps to protect him/herself and others. This is something that deserves praise and encouragement!

Role-play instructions

Manje sizohlukana sibe ngamaqembu anabantu abathathu ukusebenza ngale mifanekisosimo. Umuntu oyedwa uzodlala indima yomnakekeli, oyedwa abe umuntu osemusha, bese kuthi owesithathu abe umqeqeshi ozobheka aphinde anikezele ngezeluleko. Uma sesiqedile umfanekisosimo ngamunye, kumele nishintshanisane ngezindawo enizidlalayo ukuze umuntu ngamunye akwazi ukudlala indawo ngayinye. Uma udlala indawo yomnakekeli, qinisekisa ukuthi uzijwayeza ukulalela kahle kanye namanye amasu okuxhumana esixoxe ngawo nabantu abasebasha ngempilo yezocansi. Nizobe ninemizuzu eyi-15 ukudlala yonke le midlalo.



Group discussion 4

Questions for volunteer adolescents:

- Ngabe yini into eyodwa eyenziwe umnakekeli oyithandile?
- Uma udlale indawo yomnakekeli, yini obungayenza ngokuhlukile?

Questions for volunteer caregivers:

- Ngabe uzizwe kanjani ukudlala ngokwenzeka kulesi simo?
- Yisho into eyodwa oyenzile oyithandile.
- Uma unganikezwa ithuba lesibili yini ongayenza ngokuhlukile?
- Izimpendulo zakho ziguquke kanjani kuye ngokuthi umuntu osemusha ubengowesilisa yini noma owesifazane?

Question for the group:

- Manje njengoba sonke siliholile ithuba lokuzijwayeza, ngingathanda ukwazi ukuthi ungakhululeka kanjani ukuba nale ngxoxo nomuntu wakho osemusha.



Take home point

Khumbula ukuthi uma nixoxa kakhulu mayelana nempilo yezocansi nomuntu wakho osemusha, nikhululeka kakhulu nobabili ukuxoxa ngayo. Abanakekeli nabantu abasebasha baba nalezi zingxoxo ezinzima ngempumelelo. Kungenzeka! Uneqhaza elisemqoka lokumele ulibambe ukugcina umuntu wakho osemusha ephephile.



REFLECTION AND SHARING



(10 minutes)



Sisekugcineni kokuhlangana kwanamhlanje okumayelana **nokuxoxisana nabantu abasebasha mayelana nocansi nobudlelwane**. Leli yithuba lakholokwabelana ngemibono yakho neqembu mayelana nalokhu kuhlangana.

Ngingathanda ukuthi umuntu ngamunye axoxe ngokukodwa okusemqoka akufundile namuhlanokuthi ungakusebenzisa kanjani empilweni yakhe yansukuzonke.

PRACTICE AT HOME



(5 minutes)



Umsebenzi wenu enizowenza emakhaya owokuthi, **sicela uthole isizathu 'sazo zonke izinsuku' sokuxoxa nomuntu wakho osemusha mayelana nocansi nobudlelwane**. Isibonelo, uma nibuka i-TV kukhonjiswa umuntu osemusha ozikhipha nomuntu wakhe, nilalele ingoma emayelana nobudlelwane, noma kudlula umakhelwane okhulelwe, ungabuza, "Wazini ngalesi sihloko? Yini ongathanda ukuyazi mayelana nalesi sihloko? Uzizwa kanjani mayelana nalesi sihloko?" Siyobe sesibika ngenkinga esiyikhethile kanye nezinyathelo esizikhethile ukuthi sizithathe ekuhlanganeni okulandelayo.

CLOSING THE SESSION



Siyovala ukuhlangana ngokudonsa ilothoni. Sicela ufake isigqebhezana segama lakho kule nkomishi. Si yobe sesidonsa igama lowo muntu uyowina lesi siphon selothoni.

Ngiyabonga ngokuthi uhambele lokhu khulungana. Ngiyojabula ukukhuluma nomuntu ngamunye ma yelana nalokho enihlangabezane nakho kulokhu kuhlangana futhi uma singakwazi ukuthi senze kang cono okuthile esikhathini esizayo. Sengibheke ekuhlanganeni okulandelayo lapho esizobe sixoxa **ngokuthetheleka nge-HIV, ukuyivimbela nokuyihlalelwa**.

Ngiyokubona esikhathini esizayo nge _____ (isikhathi nendawo) mhla zi- _____ (ilanga nosuku).

SESSION 11

Understanding HIV

TIME

120 minutes

RATIONALE

This session provides caregivers with knowledge about HIV transmission, prevention and testing that they can use to guide their adolescents (and themselves). Understanding how HIV is transmitted helps participants make informed choices to protect themselves and their potential partners. Promoting HIV counselling and testing as an important, routine part of care for everyone, and encouraging caregivers to support adolescents to know their status can help increase uptake of this critical prevention service.

GOALS

- To provide members with an accurate understanding of how HIV is and is not transmitted, and how to stay safe from infection
- To provide information about HIV counselling and testing and to encourage caregivers and their adolescents to get tested

SESSION OVERVIEW

Opening ritual

Feedback from previous session (15 minutes)

Exercise 1: HIV knowledge card game (50 minutes)

Exercise 2: HIV testing (40 minutes)

Reflection and sharing (10 minutes)

Practice at home (5 minutes)

Closing the session





MATERIALS NEEDED

- Name tags for participants
- Flipchart or a black/white board and marking pens
- HIV knowledge cards printed and cut (Appendix)
- Prestik or other sticky for use with the HIV knowledge cards
- Flipchart paper prepared with the four testing scenarios
- Lottery prize

WORKBOOK HAND-OUTS REVIEWED

- [Fact sheet: HIV and AIDS](#)
- [Fact sheet: HIV and STI testing](#)
- [Myths and facts quiz](#)
- [HIV transmission: What is safe and unsafe?](#)



SPECIAL PREPARATION

- Review each of the [Facts sheets](#) carefully so that you are prepared to present the information and answer any questions participants may have.
- Review the Facilitator background on HIV and Disclosure in the Appendix so you are prepared to discuss this issue appropriately should it arise.
- For Exercise 1, have ready, and review ahead of time the cards used in the *HIV knowledge card game* and the answer keys. Familiarise yourself with the cards that represent safe and unsafe activities so that you have the right information when doing the activity with the group, and can offer the correct answers quickly. You will need one set of the 43 cards, three signs –labelled as “Safe”, “Unsafe”, and “Unsure”—and prestik. There are some pictures that you may not consider appropriate for the group. Discuss any cards you are not sure of with supervisors. Pictures of oral and anal sex are particularly explicit; if not used in the activity make sure these topics are addressed in the discussion about safety. Remember the importance of open communication on sensitive topics in promoting accurate knowledge and safe practices.
- For Exercise 2, prepare a list of the four testing scenarios on a piece of flipchart paper to post for reference during the discussion.

OPENING RITUAL

FEEDBACK FROM THE PREVIOUS SESSION

(15 minutes)



Instructions

1. Ask someone to summarize the home assignment. Refer to the 'Home practice assignment summary' text if clarification is needed.
2. Encourage feedback from participants on their completion of the home practice. Ask them about their emotions, thoughts and behaviours related to the home practice.
3. Spend some time on areas where there were challenges and use group problem solving to get ideas on how the situation can be dealt with. Use one of the challenges as a role-play. The co-facilitators can model it.
4. Praise participants for their efforts to problem solve.



Home practice assignment summary

Umsebenzi obekumele niwenze bekuwukuthola isizathu 'sansukuzonke' sokuba nengxoxo nomuntu wakho osemusha mayelana nocansi, ubudlelwane kanye nobungozi.



EXERCISE 1: HIV KNOWLEDGE CARD GAME¹⁰



(50 minutes)

Rationale

Many people lack comprehensive knowledge about HIV transmission and prevention, and myths and misconceptions are common. Correcting these misconceptions and providing knowledge can help individuals protect themselves and counteract the stigma surrounding HIV and AIDS. This exercise is designed to provide participants with this kind of information and answer any other questions they may have about HIV and risk reduction.



Instructions

1. Refer to the **'Special Preparation'** to prepare all necessary materials and to ensure that you deliver the exercise effectively.
2. Introduce the exercise; refer to the **'Introduction: HIV card game'** text provided as needed. Divide the 43 HIV knowledge cards among the members with pictures facing down (so they are not distracted by the images while you explain the rules.) After explaining the exercise, answer any questions participants have, then say "Okay, go!"
3. When all cards are up on the wall, ask members to take a couple of minutes to look carefully at where their peers have placed their cards. Ask if they want to change any, and identify which ones. Place all of the cards where changes were proposed under the "Unsure" sign (if they were already under unsure and someone mentioned it was safe or unsafe, keep it under unsure.) Check for any inaccuracies. If you see one, place that card under the "Unsure" sign as well.
4. Start with discussing each of the cards now under the "Unsure" sign. Refer to the description of the cards within the **'UNSAFE activities,' 'SAFE 'intimate' activities,' and 'SAFE activities'** for answers and explain and update the placement of each card to "Safe" or "Unsafe" as you discuss it -- (e.g., tattoos are actually a safe activity because...) (This text is provided in both English and local language where appropriate to assist in explaining.)
5. Once you have all the cards in the correct place, ask the group to come up and review the signs; to avoid crowding, invite half of them to first look at "Safe" while the other half reviews "Unsafe" cards – then have them switch. Invite questions from the group as to why some of these activities are safe or unsafe.

¹⁰ Vhutshilo 2 (2012) Centre for the Support of Peer Education (CSPE); and Vhutshilo 2.2, ASPIRES project by FHI 360 and Health and Education Training and Technical Assistance Services (HETTAS).

6. Highlight a few others not already mentioned that may have been correct but are often still confusing to people, such as:
 - » Toothbrush; mosquito; tattoos; traditional healers; caring for someone with HIV or AIDS; breastfeeding; donating blood and receiving a blood transfusion; sport; and sharing a house or eating utensils .
 - » Make sure to also emphasize that the safe and unsafe sexual activities differ given use of a condom and the other safe 'intimate' activities that can be performed.
7. Ask the '**Group discussion**' question. Encourage responses and provide details from the text provided for '**UNSAFE activities,**' '**SAFE 'intimate' activities,**' and '**SAFE activities**' to explain the reason the activity is safe or unsafe for any additional ones that surprised the group.
8. Explain to members how HIV infection happens using the '**How HIV is transmitted**' text.
9. Review the '**Take home point,**' including reference to the HIV fact sheet in their workbooks.

Introduction: HIV card game

Manje sizobheka izindlela i-HIV etheleleka futhi engatheleleki ngazo nokuthi singakubalekela kanjani ukuthola i-HIV noma ukuyidlulisela kwabanye. Ngizodlulisa amakhadi ambalwa kumuntu ngamunye phakathi kwenu, azobe ebheke phansi. Ungawavuli ngize nginitshela, noma-ke lalela imiyalelo.

Uma ngithi "hamba", bheka ikhadi ngalinye emakhadini akho bese uyanquma ukuthi ngabe umsebenzi ungaba nomphumela wokudlulisela i-HIV. Okungukuthi, umsebenzi oveziwe ekhadini ngabe "Uphephile" noma "Awuphephile" uma omunye walaba bantu enegciwane le-HIV? Uma usunqumile ngempendulo yazo zonke izithombe zakho, thatha okokunamathisela, i-prestik, bese ubeka isithombe ngasinye ngaphansi kophawu ocabanga ukuthi siwela ngaphansi kwalo: "Uphephile," "Awuphephile," noma "Awunaso isiqiniseko."



Imisebenzi ENGAPHEPHILE

Sebenzisa le mininingwane engezansi ukwazisa/ukusebenzisa inqubo ngokusebenzisa umdlalo wamakhadi olwazi nge-HIV bese usiza ababambe iqhaza ukuthi baqonde ukuthi kungani imisebenzi yaziwa **NJENGAPHEPHILE**.

- **Ucansi lwangemuva ngaphandle kwekhondomu (#1), Ucansi lwangaphambili ngaphandle kwekhondomu (#22), Ucansi lwasemlonyeni ngaphandle kwekhondomu (#41):** Ukuya ocansini ngaphandle kokusebenzisa ikhondomu **AKUPHEPHILE**. Kunengozi yokudlulisela noma yokuthola i-HIV nganoma yiluphi uhlobo locansi olwenziwa ngaphandle kwekhondomu – olwasemlonyeni, ngaphambili, nangemuva – yize ubungozi bakhona bungafani. Ucansi lwangemuva lunobungozi obukhulu kakhulu futhi esikhathini esiningi luvama ukuba nomphumela wokutheleleka nge-HIV. Ucansi lwangaphambili nalo lunobungozi obukhulu; ucansi lwasemlonyeni lunobungozi obuncane kakhulu, kodwa nalo lungaholela ekuthelelekeni nge-HIV. I-HIV ivama ukubakhona esidodeni noma emanzini egolo lomuntu onegciwane. Uma abantu beya ocansini, banikezelana ngalolu ketshezi bese i-HIV ingadluliseka isuka komunye umuntu iye komunye.
- **Obhuti begazi (#11):** Imisebenzi ebandakanya ukuthintana kwegazi, efana nokuba obhuti begazi iyimisebenzi **ENGAPHEPHILE** kakhulu. 'Obhuti begazi' kushiwo abantu (ngokuvamile abangani) abasebenzisa insingo noma ummese owodwa ukuzisika bese becindezela amanxeba abo avulekile ukuze igazi labo lithintane, okubenza babe 'obhuti begazi.'
- **Ukusebenzisa inalithi eyodwa (#32):** Izinalithi ezinamagciwane zingadlulisela igciwane le-HIV. Uma inalithi isetshenziswa umuntu onegciwane ukufaka izidakamizwa, bese iphinde isetshenziswe umuntu ongenalo igciwane le-HIV, kunobungozi bokudlulisela i-HIV ngegazi elisalele enalithini. Akumele neze nisebenzise inalithi eyodwa; **AKUPHEPHILE** neze.

Imisebenzi 'yokusondelana' EPHEPHILE

Sebenzisa le mininingwane engezansi ukwazisa/ukusebenzisa inqubo ngokusebenzisa umdlalo wamakhadi olwazi nge-HIV bese usiza ababambe iqhaza ukuthi baqonde ukuthi kungani le misebenzi yokusondelana yaziwa **NJENGAPHEPHILE**.

- **Ukuqabulana (#14):** Angeke nje kwenzeka ukuthi kudluliselwe i-HIV ngokunikezelana ngamathe, ngakho-ke ukuqabulana kuwumsebenzi onobungozi obuncane kakhulu. Lincane ithuba lokuthi i-HIV idluliselwe komunye uma bobabili abalingani benezilonda ezivulekile noma benokusikeka emilonyeni yabo, okungavamile nokho. Ngokuvamile, ukuqabulana kwaziwa **NJENGOKUPHEPHILE**.
- **Ucansi lwangaphambili ngokusebenzisa ikhondomu (#21), Ucansi lwasemlonyeni ngokusebenzisa ikhondomu (#42), Ucansi lwangemuva ngokusebenzisa ikhondomu (#43):** Lokhu kumele kuthathwe **NJENGOKUPHEPHILE**. Uma unquma ukuya ocansini, usebenzisa kahle ikhondomu ngaso sonke isikhathi uma uya ocansini, yiyona kuphela indlela yokuzivikela kwi-HIV. Ikhondomu iyophinde ihlinzeke ukuvikeleka kwamanye amaningi ama-STI kanye nokukhulelwa. Uma isetshenziswa kahle futhi njalo (ngaso sonke isikhathi uma uya ocansini), amakhondomu asebenza ngempumelelo ukuvimbela

ukusabalala kwe-HIV. Ezikhathini ezingavamile kuyenzeka ikhondomu idabuke. Isibonelo, uma igcinwe endaweni engafanele (elangeni, noma isekhikhini lakho isikhathi eside) noma uma isidlulelwe yisikhathi (bheka njalo usuku lokudlulelwa yisikhathi kwikhondomu). Ikhondomu ingadabuka futhi uma ingafakiwe kahle (isib. iqaqiwe ngaphambi kokuthi ifakwe) noma uma iphakethe layo livulwe ngamazinyo noma isikelo. Ukubalekela ukusabalala kwe-HIV kusemqoka ukusebenzisa nokugcina kahle amakhondomu. Sizoxoxa ngokuthe xaxa ngosebenzisa kahle ikhondomu ekuhlanganeni okulandelayo.

- **Ukusebenzisa izandla ukuya ocansini (#17):** Ukusebenzisa izandla ukuya ocansini umsebenzi OPHEPHILE. Ukusebenzisa izandla kwabalingani ukuya ocansini omunye komunye kungumsebenzi OPHEPHILE ngoba uma kusetshenziswa izandla akukho ukunikezelana ngesidoda, amanzi egolo noma igazi (uketshezi lomzimba oluqukethe i-HIV.)
- **Ukuthintana kwesikhumba nesikhumba sezitho zangasese (#40):** Ukuthintana kwesikhumba nesikhumba sezitho zangasese **KUPHEPHILE** uma nje isikhumba sihlangele (singasikekile noma singalimele.) I-HIV ayiphili ngaphezulu kwesikhumba futhi ayikwazi ukudlula esikhunjeni esihlangene. [Qaphela: Amanye ama-STI angasabalala ngokuthintana kwesikhumba nesikhumba.]
- **Ukugeza ndawonye eshaweni (#12), Ukwangana (#13), Ukuxhawulana (#23), Ukulala embhedeni owodwa (#34):** Yonke le misebenzi **IPHEPHE** ngokuphelele. Abukho ubungozi obukhona ekubambeni iqhaza kunoma yini enokuthintana kwansukuzonke. Uma umsebenzi ungabandakanyi ukudluliseka kwegazi, isidoda noma amanzi egolo abukho ngempela ubungozi bokuthola i-HIV.

Imisebenzi EPHEPHILE

Sebenzisa le mininingwane engezansi ukwazisa/ukusebenzisa inqubo ngokusebenzisa umdlalo wamakhadi olwazi nge-HIV bese usiza ababambe iqhaza ukuthi baqonde ukuthi kungani imisebenzi yaziwa **NJENGEPHEPHILE**.

- **Ukusebenzisa isixubho esisodwa (#29):** Cishe kube angeke kwenzeka ukuthi kudluliseleke i-HIV ngokunikezana amathe. Ukusebenzisa isixubho esisodwa kuthathwa njengomsebenzi 'onobungozi obuncane kakhulu'. Buncane kakhulu ubungozi bokusabalala kwe-HIV uma abalingani bobabili benezilonda ezivulekile noma ukusikeka emilonyeni yabo, okungavamile nokho ukwenzeka. Ngokuvamile, ukusebenzisa isixubho esisodwa kuthathwa **NJENGOKUPHEPHILE**. Kodwa-ke akukhuthazwa ukuzetshenziswa kwesixubho esisodwa ngoba ezinye izinhlobo zokugula zingasabalala kalula ngaleyo ndlela.
- **Ukubhoboza indlebe noma umzimba (#10), Ukwenza i-Tattoo (#37):** Ama-Tattoo nokubhoboza kuthathwa **NJENGOKUPHEPHILE** uma ukuthola esitolo esilandela yonke imithetho yokuhlaza izinto zabo zokwenza. Izinalithi kumele zisetshenziswe kanye kuphela bese lezo zinto eziphinde zisetshenziswe kumele zihlanzwe zisuswe amagciwane ngaphambi kokuthi zisetshenziswe kwelinye ikhasimende.
- **Ukunikela ngegazi (#9), Ukuthola igazi (#20):** Bonke abanikela ngegazi nabaphekela ngegazi ezibhedlela noma emitholampilo kumele bahlololwe i-HIV ukuqinisekisa ukuthi ukugula akudluliselwa kulabo abazothola igazi. Izinto zokusebenza ezisetshenziselwa le

ngqubo nazo zihlanzekile. Lokhu kwenza ukuthi **KUPHEPHE** ukuya emitholampilo nasezibhedlela ukuyonikela noma ukuyothola igazi.

- **Ukulunywa umiyane/ukulunywa yizinambuzane (#16): KUPHEPHILE** – abukho ubungozi bokuthola i-HIV kunoma yikuphi ukulunywa yizinambuzane. Uma isinambuzane siluma, asifaki igazi laso, noma igazi elivela kunoma yimuphi umuntu/isilwane esikade silunyiwe ngaphambilini, kumuntu olandelayo esizomluma. Futhi, i-HIV ayikwazi ukuphila esinambuzaneni, ayifani nezifo ezifana nomalaleveva. Izinambuzane azikwazi ukuthola i-HIV, okusho ukuthi azikwazi ukuyidlulisela kwabanye abantu.
- **Ukuncelisa uma unegciwane le-HIV (#3):** I-HIV ingadluliselwa isuka kumama iye kumntwana ngobisi lwebele. Kodwa-ke, uma abesifazane abakhulelwe nabancelisayo bethola ukwelashwa okukhethekile ngemithi elwa ne-HIV (ukwelashwa ngemishanguzo noma ama-ARV/ART), ubungozi bokudluliseka kwe-HIV iye enganeni buncane kakhulu futhi ukuncelisa kumele kuthathwe **NJENGOKUPHEPHILE**. ENingizimu Afrika omama abancelisayo abane-HIV bayakuthola lokho kwelashwa. Ukuncelisa ngaphandle kwalokho kwelashwa kungayidlulisela i-HIV, ngakho-ke kulezi zimo, kumele kuthathwe **NJENGOKUNGAPHEPHILE**. Yize kunjalo, ubisi lwebele lusewukudla okuhle kakhulu komntwana futhi abesifazane kumele baqhubeke nokuncelisa. Abasebenzi bezempilo bayosiza laba besifazane ukunquma ukuthi yiyiphi indlela ekahle yokupha ukudla abantwana babo nokuthi bangabunciphisa kanjani ubungozi bokutheleleka nge-HIV.
- **Ukunakekela umuntu onengculazi (#4), Ukuba abangani (#2), Ukukhwehlela/Ukuthimula (#7), Ukukhala/Izinyembezi (#8), Ukuhlala endlini eyodwa (#15), Ukudlala umdlalo (#18), Ukudlala ndawonye (#19), Ukuphuza ndawonye (#24), Ukusebenzisa ipeni, ipensela, irula elilodwa (#25), Ukusebenzisa ipuleti/indishi eyodwa (#26), Ukuhlala endaweni eyodwa (#27), Ukusebenzisa ithoyilethi elilodwa (#28), Ukusebenzisa izinto zombede ezifanayo (#30), Ukudla ndawonye (#31), Ukudlala ngamathoyisi awodwa (#33), Ukubhukuda (#35), Ukukhuluma ocingweni (#36):** Yonke le misebenzi **IPHEPHE** ngokuphelele. Abukho ubungozi obukhona ngokubamba iqhaza kunoma yini into ebandakanya ukuthintana kwansuku zonke. Abukho ubungozi ekudleni ndawonye noma ukusebenzisa izinto zasendlini ezizodwa, noma ukudlala nabanye abantu ngisho ngabe bane-HIV. Ukunakekela umuntu one-HIV noma ingculazi akukubeki kunoma yiyiphi ingozi yokuthola lesi sifo. Uma umsebenzi ungabandakanyi ukudluliselwa kwegazi, isidoda, noma amanzi egolo abukho ubungozi bokuthola i-HIV.
- **Ukuya kudokotela wamazinyo (#5), Ukuya kwadokotela (#6), Ukuya enyangeni (#38), Nokuya esibhedlela (#39):** Yonke le misebenzi **IPHEPHILE**. **KUPHEPHILE** ukuya kunoma yiyiphi indawo yokwelashwa lapho okusizwa khona abantu abane-HIV nokuvakashela noma yimuphi udokotela noma uchwepheshe wezokwelapha ophinde alaphe abantu abane-HIV. Izindawo zokwelapha kanye nochwepheshe banomsebenzi wokuqinisekisa ukuthi zonke izinto abazisebenzisayo azinamagciwane futhi nemibandela iphephile. Ukuya kwadokotela noma kudokotela wamazinyo kuphephe kakhulu futhi akunabo ubungozi bokuthola i-HIV. Ukuya enyangeni noma ukunakekela umuntu one-HIV akukufaki engozini yokuthola lesi sifo.

Group discussion

- Ngabe ukhona ofuna ukuguqula okunye? Yikuphi?
- Yikuphi kulokhu okukumangazile?



How HIV is transmitted

Kungenzeka ukuthi kube usuyazi ukuthi uma ukugula nge-HIV kungalashwa kuholela esimeni esibizwa ngengculazi, i-AIDS. I-AIDS imele 'i-Acquired Immunodeficiency Syndrome', futhi abantu abanayo bangabukeka futhi bazizwe begula kakhulu. Kodwa uma i-HIV itholakala futhi yelashwa kusenesikhathi, ngemishanguzo (noma ama-ARV), umuntu angahlala ephilile futhi aphile isikhathi eside, futhi angeke aba ne-AIDS.

Kahle kahle ukugula nge-HIV kwenzeka ngale ndlela:

- I-HIV ihlala oketshezini olusemzimbeni: Igazi, isidoda, amanzi egolo, nobisi lwebele.
- Umuntu angatheleleka uma i-HIV ekolunye lwalolu ketshezi ingena emzimbeni wakhe.
- I-HIV ingaya isuka konayo iye kongenayo uma laba bantu bobabili benikezelana ngalolu ketshezi ngokuya ocansini olungaphephile lwangaphambili, lwangemuva, noma lwasemlonyeni; ngokuncelisa; ngokukhulelwa; ngokubeletha; ngokusikwa ngereyiza efanayo naleyo esike umuntu ogulayo; noma ngokusebenzisa inalithi efanayo nomuntu ogulayo. Le misebenzi ibeka umuntu engozini enkulu yokuthola ukugula. Imisebenzi yansukuzonke engenakho ukunikezelana ngoketshezi lomzimba iphephile, futhi ayibekani engozini yokuthola i-HIV.



Take home point

Imisebenzi eminingi iphephile ukuyenza nabantu abane-HIV. Indlela ekahle kakhulu yokubalekela i-HIV ukungayi ocansini, noma ukusebenzisa ikhondomu kahle ngaso sonke isikhathi uma uya ocansini nomunye umuntu, ngisho umuntu omthandayo noma onobudlelwane naye. Ukuya ocansini olungavikelekile noma ukuthintana kwegazi kubeka abantu engozini enkulu yokuthola i-HIV. Ulwazi oluningi esixoxe ngalo kanye nezimpendulo zemibuzo evamile mayelana ne-HIV kukhona ukuthi ukubuyekeze ephepheni lamaqiniso nge-HIV ezincwadini zenu zokusebenzela. Ukuthetheleka nge-HIV: Amakhadi athi Yini ephephile nengaphephile asetshenziswe kulo msebenzi afakiwe nawo ngemuva ezincwadini zenu zokusebenzela.



EXERCISE 2: HIV TESTING¹¹



(40 minutes)

Rationale

HIV counselling and testing is recommended as a routine part of care. Adolescents and young adults are at high risk of HIV infection relative to other age groups, yet have low rates of HIV testing uptake. Testing is important to ensure early diagnosis and treatment of HIV, as well as an opportunity to encourage safer sex. Despite the importance of testing, research in South Africa shows that many parents are uncomfortable with adolescents receiving HIV tests, largely due to concerns that being tested suggests their children are sexually active at an age they find unacceptable. This activity sensitizes caregivers to the importance and benefits of routine testing for adults, adolescents, and children alike. Further, it encourages caregivers to proactively offer support for testing to their adolescents.

Facilitator background

Considerations around HIV testing and disclosure

For some participants who are already living with HIV or who know their adolescent or other family members are living with HIV, this discussion could raise questions about disclosure. While the content of the exercise is not designed to deal specifically with disclosure, background information is provided to enable facilitators to effectively address these issues if they arise. A Facilitator background box in the Appendix provides considerations related to disclosing one's own status as well as disclosing children's HIV status to them. Facilitators are encouraged to familiarize themselves with the information provided, so they may appropriately manage discussion around this issue if it arises.

¹¹ Facilitator guidance/background was developed using the following sources: World Health Organization. (2013). HIV and adolescents: Guidance for HIV testing and counselling and care for adolescents living with HIV: recommendations for a public health approach and considerations for policy-makers and managers.; MacPhail, C. L., Pettifor, A., Coates, T., & Rees, H. (2008). "You must do the test to know your status": attitudes to HIV voluntary counseling and testing for adolescents among South African youth and parents. *Health Education & Behavior*, 35(1), 87-104.

Instructions (Part 1)

1. Refer to '**Special Preparation**', including review of the '**Facilitator background: HIV Disclosure**' available in the Appendix, and preparing the four testing scenarios on a piece of flipchart paper.
2. Introduce the exercise and pre-written scenarios on who should receive HIV testing; refer to '**Introduction: HIV testing**' text provided.
3. Use the '**Group discussion**' questions to explore reasons why the people in each of the scenarios should be tested for HIV. Refer to '**Facilitator guidance: Reasons people should get tested for HIV**' to make sure key points are covered.



Introduction: HIV testing

Manje sesinolwazi olungcono nge-HIV nama-STI, asikhulume ngokuhlololwa i-HIV ne-STI. Okokuqala, kumele wazi kafishane mayelana nokuthi kunjani lokhu kuhlolwa.

Ukuhlololwa i-HIV kubandakanya ukuhlolwa igazi okulula. Isisebenzi sezempilo sithatha igazi elincane, kwesinye isikhathi ukuchofoza umunwe noma ukukhipha igazi elithe xaxa ngenalithi, bese liyahlolwa. Uma imiphumela isilungile, emitholampilo eminingi yokuhlololwa i-HIV okungaba ngaleso sikhathi sokuthathwa kwegazi, uyachazelwa ngayo. Noma ubani ohlolela i-HIV uqeqeshiwe futhi unesitifiketi sokunikeza izeluleko ngaphambi nangemuva kokuthi uhlolwe. Ukuhlololwa i-HIV kumahhala ezindaweni eziningi kubandakanya imitholampilo nezibhedlela zikahulumeni, futhi kokunye ungahlanganisa ukuhlololwa i-HIV nokuhlololwa i-STI ngokusebenzisa igazi. Imiphumela yakho iyimfihlo, okusho ukuthi isisebenzi sezempilo siyoyitshela wena kuphela hhayi omunye umuntu – kungukwephula umthetho kukachwepheshe wezempilo ukutshela omunye umuntu.

Njengamanje ake sibheke ukuthi ubani okumele ayohlolwa.

[Post the flipchart paper up with the pre-written scenarios]

Ake sibuyekeze lolu hlu lwabantu futhi ngifuna ukuthi nicabange ukuthi ngabe kumele yini bayohlolwa. Ngicela ungasho ukuthi ucabangani, vele unqume emqondweni wakho ukuthi lo muntu kumele ahlolwe:

- Indoda ethanda ukuya ocansini othole ukuthi akanayo i-HIV ngonyaka odlule futhi ayinazo izimpawu noma izixwayiso
- Owesifazane onomlingani oyedwa kuphela
- Ingane eneminyaka emi-5 eyashonelwa umama wayo ngenxa yokugula iminyaka embalwa ngaphambili
- Umuntu osemusha oneminyaka eyi-17 oseyintombi nto kodwa ocabanga ukuya ocansini

Ngabe usulungele impendulo? **Bonke** laba bantu kumele bahlolwe. Wonke umuntu kumele ahlololwe i-HIV.





Group discussion 1

- *Kungani ucabanga ukuthi abantu abakulezi zibonelo kumele bahlolwe? Asixoxe ngalokhu ngokubheka umfanekisosimo ngamunye.*

Facilitator guidance

Reasons people should get tested for HIV

A sexually active man who had a negative test last year and has no symptoms or warning signals

- Testing is not just for people with symptoms or warning signals.
 - » People can live for years with HIV without having symptoms or knowing they're infected.
- A negative test result does not protect someone from getting HIV. Any time a person has unprotected sex they are at risk of an HIV infection.
 - » Thus, people who are sexually active should be tested routinely.

A woman with only one sexual partner

- Having one sexual partner is safer than having many sexual partners. However, even if a person is in a mutually faithful relationship, they should get tested with their partner to make sure both are HIV-negative.
 - » Someone may trust their partner, but can they trust their partner's previous partners and their previous partners?

A child aged 5 years whose mother died of sickness a few years before

- Some children and adolescents may get HIV from their mother at birth.
 - » Thus, it is important that even those who have never had sex, especially those with parents who are sick or have passed away, are tested.

An adolescent aged 17 years who is a virgin but is thinking about having sex

- In South Africa, HIV testing and counselling is recommended for all adolescents, even those who are not sexually active.
 - » In fact, this is so important that adolescents aged 12 years and older can get an HIV test without their parent or guardian's consent.
- Again, some adolescents may get HIV from their mother at birth.
- Note: The adolescent should also encourage their partner to get tested.

Group discussion 2

- *Manje ake sixoxe ngobuhle bokuyohlolwa. Yikuphi okuhle ngokuyohlolwa i-HIV?*



Facilitator guidance


Benefits of getting tested for HIV

- Getting tested and receiving a negative result can ease worries, and be a relief.
 - » If you are negative, then you can commit to staying safe.
- If you get tested and find out you have HIV or another STI, you can get proper treatment and medicines that can help keep you healthy.
 - » Most STIs are curable, and all are treatable – including HIV. The earlier you are treated, the more likely it is you will stay healthy.
 - » Medication to treat HIV is free in South Africa.
- Many people with HIV or other STIs don't know they are infected. People can live for years with HIV without having symptoms or knowing they're infected. You can protect yourself and partners if you know your status.
 - » You can tell past partners if they are at risk and should be tested.
 - » You can learn how to protect your partner so he or she doesn't get it.
 - » You won't transmit it to other people without knowing.
- If you are a woman and you are pregnant or might soon become pregnant, you can take steps to protect your baby.
- You can make choices about your future that help you stay well.



Instructions (Part 2)

1. Conduct the '**Group discussion**' to praise them for identifying benefits and ask why people might not get tested for HIV in spite of these benefits. Write their responses on the flipchart. Clarify/correct any incorrect reasons. You should still list them on the flipchart when suggested, but then discuss them and cross them out. For example, assumptions of no risk, no need to get tested if no symptoms, that the test itself will cost money, lack of *LEGAL* parental consent.
2. Select 3 common reasons that may be solvable from a brief discussion/brainstorming. Focus on problems that can be addressed; acknowledging that others are larger or even personal issues that may require more consideration. Some common reasons not to get tested with possible example solutions are presented in '**Facilitator guidance: Common concerns with HIV testing and problem solving examples.**'
 - » Note that for parental consent, adolescents can legally still get the test without their parent's consent, so this is not a barrier. However, they may be reluctant to get tested if their parents/caregivers disapprove, so problem solving could still occur regarding how to change parental attitudes.
3. Divide participants into 3 groups and assign each to problem solve one of the issues and come up with possible solutions. Give groups about 7 minutes. Have the groups return and one person from each briefly share their issue/barrier and list of solutions. Praise them for their efforts. Add additional suggestions from '**Facilitator guidance: Common concerns with HIV testing and problem solving examples**' as needed.
4. Acknowledge that we did not address all problems and that even the solutions suggested may not work for everyone. Encourage them to continue to think about their own barriers to HIV testing and possible solutions.
5. Review the '**Take home point,**' including reference to the Fact sheet: HIV and STI testing in their workbooks.



Group discussion

Nihlinzeke ngezizathu eziningi ezisemqoka zokuyohlolwa. Yize iningi lethu lazi ngalokhu okuhle, abantu abaningi basemanqikanqika ukuyohlolwa, ikakhulukazi ukuhlololwa i-HIV.

- *Yiziphi ezinye zezizathu abanakekeli zokwenza ukuthi abantwana babo bahlolwe?*
- *Yiziphi ezinye zezizathu ezingenza ukuthi abantu abasebasha bangafuni ukuyohlolwa?*

Konke enikushoyo ngizokubhala kwifliphushathi.

- *Ake sikhethe okumbalwa kulokhu bese siyakuxazulula njengezinkinga emaqenjini amancane.*

Facilitator guidance

Common concerns with HIV testing and problem solving examples

Potential reasons caregivers may not get children or adolescents tested

- Unaware of the HIV status or testing history of a child for whom they have assumed responsibility
- Fear of a positive diagnosis (child may get sick or die or not be able to cope with the news or treatment)
- Fear that the child will experience stigma or discrimination if they test positive for HIV
- Worry that a positive child result will reveal the caregiver's own HIV-positive status
- Lack of money for transport, or lost wages if they take off work
- Poor access to or lack of knowledge of a quality testing facility

Potential reasons adolescents may not want to get tested

- They think they are not at risk
- Fear of stigma or discrimination if they test positive
- Fear of testing positive for HIV
- Fear of getting in trouble (their caregiver may be upset)
- Worried about how they will be treated at the testing facility
- Cost for transport to the testing facility

Possible solutions for common concerns related to HIV testing

- **Change negative thoughts** by understanding the benefits of knowing one's status, including that HIV can be treated. After the shock, many people feel motivated to live full and active lives. Even though there is no cure for HIV, you can be HIV-positive and happy. Treatment, such as the medication for HIV is free as well. *Help adolescents change negative thoughts, such as fear about getting tested and no perceived risk. Caregivers can also change their own negative thoughts related to a potential positive diagnosis.*
- **Identify possible sources of support** even before getting tested. Think about people who can help both practically and emotionally. This can include trusted loved ones – including their caregiver, other family and friends—as well as new sources of support. There are people who understand what it is like and know how to help people who find out they are HIV-positive; an HCT counsellor can help suggest such sources of support should you be HIV-positive. *Offer yourself as a source of support to adolescents even before they get tested.*
- **Know and assert your rights and inform adolescents of their rights:** Test results are confidential – they can only be told to the person who took the test and no one else! In fact, it's against the law for a healthcare worker to tell anyone else the results of an

HIV test without asking the person first. **Adolescents also have the right to not to share their status with anyone, even their caregiver, until they are ready.**

- **Discuss testing with your adolescent:** Have an open conversation as to why everyone should get tested, what the benefits of testing are, and where they can go for testing. Let them know that you support their decision.
- **Get tested together:** Get tested as a family or caregiver-adolescent pair. This provides an immediate source of support to prepare for the results. **If results are negative, use the opportunity to discuss how they can stay HIV negative.**
- **Find a comfortable and free clinic or testing site near you:** Tests are free at most government clinics or other health facilities in your community; mobile clinics might also be available. If there are fears of being seen, consider or suggest a clinic outside of your community, or even certain times of day at certain clinics. Call the clinic and ask them if they regularly test adolescents to make sure they are sensitive to adolescent and children's concerns. For more information about HIV/AIDS or where to test, you can call the National AIDS Helpline on 0800-012-322. Should you need someone to talk to about your personal situation, you can also call the LoveLife youth line on 0800-121-900 or send a 'please call me' to 083 323 1023 and a counsellor will call you back.



Take home point

Wonke umuntu kumele ahlolelwe i-HIV, kubandakanya nabantu abasebasha. Ukwazi ngesimo sakho kuyakusiza ukuthi wazi ukuthi kumele wenzeni ukugcina wena nabanye niphilile futhi niphephile. Abanakekeli baneghaza elisemqoka okumele balibambe ekusekeleni nasekukhuthazeni ukuyohlolwa njalo kwezingane abazinakekelayo, kubandakanya nabantu abasebasha. Imininingwane eyengeziwe mayelana nokuhlolwa ingatholakala [ephepheni lamaqiniso lokuhlolwa i-HIV nama-STI](#) elisezincwadini zenu zokusebenzela.

REFLECTION AND SHARING

(10 minutes)

Njengamanje sesisekugcineni kokuhlangana kwanamhlanje okumayelana ne-HIV nokuhlololwa i-HIV. Leli yithuba lakholokwabelana ngemibono yakho neqembu mayelana nalokhu kuhlanguana .

Ngingathanda ukuthi umuntu ngamunye axoxe ngokukodwa okusemqoka akufundile namuhlanokuthi ungakusebenzisa kanjani empilweni yakhe yansukuzonke.



PRACTICE AT HOME

(5 minutes)

¹⁹ Content from FHI 360 (2013) *Positive Connections: Leading Information and Support Groups for Adolescents Living with HIV* Manual; Mchunu, G. Peltzer, K. Tutshana, B. & Seutlwadi, L. (2012) Adolescent pregnancy and associated factors in South African youth. *African Health Sciences*, 12(4):426-434.



Instructions (Part 1)

1. Review '**Facilitator background: Sensitivity to teen parents**' and '**Facilitator background: Pregnancy prevention and options**' before beginning the exercise.
2. Read '**uDudu's story**' to the group. Using the '**Group discussion 1**' questions, ask the group to consider if the '*Test was negative.*' Encourage them to reflect on what DuDu and Mandla can do to prevent this situation in the future and allow for discussion. Refer to '**Facilitator guidance: Preventing unintended pregnancy and other risks**' as needed to aid the discussion and reinforce key messages.
3. Refer to the '*Test was positive*' questions in the '**Group discussion 2,**' and explain the three options briefly (have the baby, adoption, abortion); stress this is a personal decision and do not allow the discussion to focus on pros and cons of these options. Instead, ask the group to consider how both Mandla and DuDu's life will change if she has the baby. Encourage them to also consider Mandla's responsibilities. Allow for discussion.



uDudu's story²⁰

Kuphakathi nemini yasekuseni ngoMgqibelo kanti lesi yisikhathi lapho khona uDuduzile kufanele ngabe umatasatasa khona ngemisebenzi yasendlini, kodwa okunalokho uzihlalele yedwa egumbini lakhe. UDuduzile uguqile egumbini lakhe, uyathandaza. Le ndlela yakhe yokuthandaza yenza ukuthi asondelane kakhulu noNkulunkulu. Uyazi ukuthi unezindaba zakhe ezibalulekile okumele azikhulume noNkulunkulu.

UDuduzile usanda kwehlelwa yisehlo esimshaqise kakhulu empilweni yakhe. Emasontweni amabili nje edlule yonke into ibihamba kahle kakhulu kuDuduzile. Kanti futhi nangaphezu kwalokho, ngalolo Lwesihlanu wayesanda kube nengxoxo ende noMemu uNkosi, uthisha wakhe wesifundo se-guidance. Phela uMemu Nkosi wayekade esanda kutshela uDudu ukuthi ungumfundi ongcono kunabo bonke abafundi beBanga leshumi esikoleni kubafundi aseke waba nabo eminyakeni eminingi eyedlule futhi waze washo uMemu Nkosi ukuthi wayenesiqiniseko sokuthi uma uDudu eqhubeka nokusebenza ngale ndlela, nakanjani wayezowuthola umfundaze wokuya enyuvesi ukuze ayothola ijazi lemfundo. Phela uDudu wayefuna ukuba ngudokotela bese esebenza ukusiza abantu bangakubo emphakathini. UMemu Nkosi wathi uma uDudu esefundile wayezohola imali eyanele akwazi nokuthenga umuzi ngisho nemoto imbala aphinde asize nomndeni wakhe, washo kodwa ukuthi lokho kuyodingeka ukuthi asebenze kanzima. Ngalowo Mgqibelo wayekade eye ezitolo ukuthi ayoziphuzela ikhofi negeza lomfana omuhle ofunda umatikuletsheni esikoleni. Leli geza igama lalo uMandla. UMandla wabe esetshela uDudu ukuthi wayesanda kusokwa kodwa kwasekupholile lapho ayekade esokwe khona. UMandla wabe esebuzo uDuduzile ukuthi ngabe usake waya yini ocansini. UDuduzile waphendula ngokuthi wayengakaze aye ocansini empilweni yakhe futhi wayengazimisele ngokuya ocansini maduzane nje. NoMandla ngokunjalo wabe esesho ukuthi wayangakaze aye ocansini kodwa njengamanje kwase

²⁰ Written by Wilhelm Haupt of the University of Pretoria

kuyisikhathi esingcono kakhulu sokuthi usengaya ocansini ngoba udokotela esikoleni sokusoka wayekade emtshale ukuthi wayengake ayikhulelise intombazane kusukela ezinyangeni eziyisithupha esokiwe. Wayesesalelwe amasonto amabili. UDuduzile wathi uma ezwa lokhu wavele wahleka.

Kwathi lapho sebeqedile ukuphuza ikhofi, uDudu wahamba noMandla waya egumbini lakhe, ngemuva kwendlu kamalume wakhe. Kwathi uma sebelapho uDudu watshela uMandla ukuthi naye wayefisa ukwazi ukuthi kahle kahle kwenzakalani uma kuyiwa ocansini ngoba futhi wonke amantombazane ayefunda nawo ekilasini ayehlala ekhuluma ngezinto ezenzekayo uma eya ocansini futhi ayevame ukuhleka aze agigitheke futhi ayevame ukuhleba kakhulu, futhi naye wayezibona nje ukuthi sengathi uyashiywa futhi uyasala. UDuduzile akazange ayikholwe kahle le ndaba kadokotela kaMandla kodwa uMandla wamtshela ukuthi le ndaba iyiqiniso elimsulwa. UMandla waze wafakaza ngokuthi yena uMandla kanye nodokotela omtshale lokho bangumndeni wenkosi. UMandla waze wathi yena benodokotela banegazi lomlom' ongathethi manga, umlomo ongathethi amanga. UMandla waze wathi noma ngabe kuthiwani-ke akusenani ngoba wayephethe vele amakhondomu.

Kusukela ngaleso sikhathi uMandla waba yinto yonke kuDuduzile futhi ephuza nobhiya naye. Bathi bangaqeda ukuwuphuza lowo bhiya balandelisa ngomunye futhi, kuthe nje khona lapho, uDuduzile wazibona esesembhedeni noMandla benza ucansi. Base bekhohlwe nokukhohlwa yindaba yamakhondomu.

Bathi bangaqeda ukwenza ucansi uDuduzile wazizwa engazizwa kahle nje futhi waba nomuzwa wokuthi sengathi wonke umuntu wayebona ukuthi kukhona into ayenzile. UDuduzile wakuthola kunzima kakhulu ukubhekana nomndeni wakhe. Ngalobo busuku uDuduzile waqala waphatheka kabi ngalokho ayekwenzile futhi kwaba nzima kakhulu uma sekufanele ukuthi aye esikhathini, engasayi ngendlela efanele.

Izinsuku zokuqala ezimbili ngemuva kokungayi esikhathini wazama ukubeka phansi umoya kuthe uma kuphinda kudlula olunye wabizela uMandla eceleni wamtshela ngenkinga ayebhekene nayo. UMandla wavele woma, ubuso bakhe baphaphatheka kwabonakala ukuthi le nto imehle ngaphezulu. Yingaleso sikhathi lapho uMandla atshela khona uDuduzile ukuthi kufanele aye emtholampilo ngokushesha ukuthi ayosikhiphe isisu futhi engatsheli muntu ngalolu daba. UDuduzile wayazi kahle yena ukuthi angeke akwenze lokho. Phela uDuduzile wayengafuni ukuthatha izinqumo ezazizoba nomthelela wokushintsha impilo yakhe yonke ngaphandle kokutshela umama wakhe.

UDuduzile wabe esebuzwa uMandla ngokucacile ukuthi kahle kahle udokotela wayetheni, kodwa uMandla akazange aphenzule. Okunalokho uMandla wathi yena abazali bakhe babengeke bamvumele ukuthi athathe unkosikazi ngaphambi kokuba ahlanganise iminyaka yobudala engama-23 futhi wathi bathi abazali kuyofanele ukuthi azilobolele yena. UMandla wathi akacabangi ukuthi abazali bakhe babezomhlawulela uma ekhulelisa. Yingaleso sikhathi lapho uMandla asho khona ukuthi kodwa yena uzobatshela abazali bakhe ukuthi uze akhulelwe nje uDudu yingoba uyena uDudu owayecele ukuthi kuyiwe ocansini. Kodwa-ke ekugcineni kwakho konke uMandla wabe esevuma ukuthi uzomthengela izinto zokuthi azihlale ekhemisi ukuqinisekisa ukuthi ngabe ukhulelwe ngempela yini.

Zakhula zaya zaqonga izinkinga zikaDuduzile. Waqala waba namaphupho amabi ezibona enakekela umntwana kanye namanye awamayelana nokungabi nemali eyanele yokuthenga amanabukeni omntwana. UDuduzile wayesekhathazekile ukuthi abazali bakhe babezomxosha ekhaya noma





bathi akahambe aye le kude emakhaya ayohlala nogogo nomkhulu wakhe. Wayephatheke kabi kakhulu uDudu ukuthi kwakungenzeka ukuthi angasiqedi isikole noma angabe esakwazi ukuya enyuvesi. Wayesaba kakhulu ukuthi kwakufanele ukuthi atshele uMemu Nkosi futhi kwakuvele kuthi akashayeke phansi uma ecabanga ngokuthi babezothini kodwa bonke othisha kanye nabanye abantu nje emphakathini. Wayekhathazeke ngayo yonke into nje uDuduzile futhi wayengakholwa nje nokuthi impilo yavela yamshintshela yaba yimbi esithubeni nje futhi nakalula kanjalo nje.

Kodwa namhlanje uMandla umlethele izinto zokuthi azihlole ukuthi akakhulelwe yini aye wayozithenga ekhemisi. Yingakho-ke uDuduzile eguqe phambi kombhede ekhuleka njengoba elindile. UDuduzile ucela uNkulunkulu ukuthi akalisele leli phupho elibi kuye.



Group discussion 1

Asazi ukuthi yini elandelayo eyenzekayo endabeni kaDuduzile, kodwa ake sibheke okungase kwenzekwe okuhlukene bese sicabanga ngokuthi uDuduzile, noma yena uMandla, uze kithi ukuthi simsekele. Beze kithi ukuzothola iseluleko ngoba bayazi ukuthi sikwazi kahle kakhulu ukuxazulula izinkinga.

Scenario 1: Test was negative

Okokuqala, ake senze sengathi uDuduzile uthole ukuthi akakhulelwe. Yena noMandla beza kuwe ukuzothola iseluleko.

- Yisiphi iseluleko ongabanika sona?
- Yini okumele uDuduzile noMandla bayazi ukuvimbela ukukhulelwa okungahleliwe?
- Yibuphi obunye ubungozi ababhekene nabo ngokuya ocansini olungaphephile okumele babubalekele esikhathini esizayo?
- Yini umsebenzi kaDuduzile ekuvimbeleni ukukhulelwa? Yini umsebenzi kaMandla?
- Yiluphi uhlobo lobudlelwane okumele uDuduzile alucabange esikhathini esizayo?

Facilitator guidance

Preventing unintended pregnancy and other risks

Key messages for preventing unintended pregnancies and other risks

- In addition to pregnancy, Mandla and Dudu also risk contracting HIV and other STIs.
- Effective ways to prevent pregnancy include abstaining from sex, using condoms, and/or other forms of contraception.
- Consistent and correct use of condoms is the only form of contraception that also protects against HIV and other STIs. There are other methods that can be used at the same time as condoms to prevent pregnancy thus providing double protection. These include the pill, implants, IUDs, etc.

- Emergency contraception or the 'morning after pill' can be used if a woman has unprotected sex or if contraception fails. This can include forgetting to take the pill, a condom slipping off, or rape. You can get emergency contraception from your doctor, clinic or over the counter from pharmacies. It is most effective if taken within 3 days (72 hours) of sex. However, this will not protect from HIV or other STIs.
- Finally, avoid alcohol and other drugs which can affect your judgment, so that you do not take risks you might not otherwise take (such as unprotected sex.)

Both partners have a responsibility to prevent pregnancy:

- Mandla should know that boys and men should share the responsibility of preventing unplanned pregnancy and always use condoms (even when girls don't ask them to.)
- Duduzile should ensure condom use because it protects her from pregnancy and STIs. However, sometimes a condom might not be used for many reasons. Luckily, women have the power to prevent pregnancy using other contraceptive methods, such as the pill, IUDs, implants, etc. Getting and using a back-up method of birth control means that even if a condom is not used, she can still be safe from pregnancy.

Healthy relationship

- Having a sexual relationship means being ready for the responsibilities that come with it – discussing and practicing safer sex, being able to handle the possibility of pregnancy, having a healthy relationship between you and your partner that is emotionally safe as well as physically safe.

Group discussion 2

Scenario 2: Test was positive

Manje ake sithathe sengathi ukuhlolwa sekuqinisekisile ukuthi uDuduzile ukhulelwe. Angase akukhethe kubandakanya: ukukhipha isisu, ukuphisana ngengane noma ukuyikhulisa yena. Lesi sinqumo siqondene naye. UDudu kuphela onganquma ukuthi yini emlungele. Kodwa abesifazane bavama ukukuthola kuwusizo ukukhuluma ngaso nomunye umuntu.

- *Asisize uDudu ukucabanga ukuthi yini engaguquka empilweni yakhe uma engaba nengane?*
- *Uthini ngoMandla, yini engaguquka empilweni yakhe uma uDudu eba nengane? Yimiphi imisebenzi yakhe okumele ayenze kuDuduzile nengane?*





Instructions (Part 2)

1. Divide the group into two separate groups: caregivers and adolescents. Introduce the next part of the exercise; refer to '**Introduction: Small group discussion on advantages and disadvantages**' text provided as needed. Ask them to list the disadvantages and advantages of teen pregnancy and then to prioritize the top 3 to share with the group.
2. After ten minutes, bring the groups back together. Conduct the '**Group discussion**' inviting caregivers to share their disadvantages and obtaining feedback from adolescents on any other main disadvantages they prioritized on their list. Then invite adolescents to share their advantages and ask caregivers for feedback on any other main advantages they listed. Keep a list of these on the flipchart.
3. If time allows, you can invite them to mention other advantages and disadvantages they listed in their group. Refer to the '**Facilitator guidance: Advantages & disadvantages of adolescent pregnancy**' to aid the discussion and ensure key issues, especially disadvantages, are discussed.
4. Praise the group for thoroughly considering the advantages and disadvantages, highlighting how important it is to think through carefully how pregnancy can change your life. Refer participants to the three informational sheets in their workbooks (Reproduction & pregnancy: Negative consequences of teen pregnancy; and Safe methods to prevent pregnancy) for more information on conception and the risks and consequences of teen pregnancy.
5. Review the '**Take home point.**'



Introduction: Small group discussion on advantages and disadvantages

Ngifuna sibheke lokhu kabanzi manje, hhayi ukugcina ngokubheka uDudu noMandla, kodwa kunalokho ukucabanga ngezimpilo zabantu abasebasha kuleli qembu. Ngizohlukanisa abanakekeli nabantu abasebasha babe emaqenjini amabili ahlukene. Ngifuna iqembu ngalinye lenze uhlu lobuhle nobubi bokuthola umntwana kungakafaneli empilweni, ngesikhathi usewumuntu osemusha. Zama ukuthola izimpendulo eziningi ngendlela ongakwazi ukwenza ngayo, ngisho ngabe anivumelani nina ngokwenu. Yiba sewubeka phezulu lokho ocabanga ukuthi kuwubuhle nobubi obu-3 nobubi uxoxele iqembu.

Group discussion

Ask caregivers

- *Sicela uxoxe ngokuphezulu ohlwini lwakho oku-3 ngobubi bokuthola umntwana usemncane.*

Ask adolescents

- *Ngabe lokhu kuhambisana nobubi bakho obuphezulu obu-3, noma unakho okunye ongakufaka?*

Ask adolescents

- *Sicela usitshela ngohlu lwakho oluphezulu lobuhle obu-3 bokuthola ingane usemncane.*

Ask caregivers

- *Ngabe lokhu kuhambisana nobuhle bakho obuphezulu obu-3, noma unakho okunye ongakufaka?*

Konke enikushoyo ngizokubhala kwifliphushathi .



Facilitator guidance

Advantages & disadvantages of adolescent pregnancy

Pregnancy and being a parent can be a wonderful experience, but are also a big responsibility. Below are some possible advantages and disadvantages.

Advantages

- It can help you grow, understand yourself better, and enhance your life
- Someone to love you; a special bond
- People pay attention to you
- You can get respect
- Sign of becoming a real woman or man
- Sign of adulthood
- Become closer to boyfriend or girlfriend
- Can get a child support grant
- Friends approve of it
- Helps a person change their bad ways

Disadvantages

- When a woman is a teenager, pregnancy can be dangerous for both the mother and the baby. Complications of childbirth and unsafe abortion are among the main causes of death for women under 20 years. Babies born to young mothers have a higher risk of being sick often and/or dying.
- Many girls leave school if they become pregnant, which limits their future opportunities.
- Pregnancy results from unprotected sex. Unprotected sex puts the father, mother and baby at risk for STIs, including HIV.
- Expensive – There are costs associated with the pregnancy, such as doctor's visits, eating healthy food, and costs associated with babies, such as nappies, food, clothing, medical care, etc. Boys may have to pay damages to the girl's family.
- Partner may not provide support; child may grow up without a father figure.
- Adolescents may not receive support at home.
- Depression and loneliness, feeling isolated.
- Parenthood leaves less time for sleep and other things you need/want, such as time for friends and recreation; you may have less in common with your friends that don't have children.
- Hard work – taking care of a child is a full time job with no holidays or weekends.
- More responsibility – a lifetime commitment.
- Many people find that having a child can test even the strongest relationship. And if you are a single parent, you may find it more difficult to find and keep a new relationship.



Take home point

Ukukhulelwa kwabantu abasebasha kunemiphumela eminingi yesikhathi eside. Kusemqoka kubantu abasebasha abathanda ukuya ocansini ukuthi bazi ukuthi bangakuvimbela kanjani ukukhulelwa okungahleliwe, kanye nokucabanga kabanzi ngabangase bakukhethe mayelana nokukhulelwa nokuba abazali. Ngisho abantu abasebasha abangakayi ocansini bangahlomula ekuhloleni lokho abakucabangayo mayelana nokukhulelwa kanye nokunquma ukuthi bangazithatha kanjani izinqumo zokuvikela impilo nekusasa labo.

Ukwengeza kulokho ulwazi mayelana nokuthi ukukhulelwa kwenzeka kanjani, imiphumela yokukhulelwa ngaphambi kwesikhathi kanye nezindlela eziphephile zokuvimbela ukukhulelwa kuyatholakala emaphepheni amathathu anolwazi oluhlobene asezincwadini zenu zokusebenzela.

EXERCISE 3: FUTURE GOALS AND OBSTACLES

(20 minutes)



Rationale

This exercise provides adolescent participants with opportunities to consider their personal goals for the future and how risk behaviour may impact their goals. It further assists both caregivers and adolescents with identifying strategies that supports the achievement of adolescent goals, including reinforcing key messages and skills presented in prior sessions.

Instructions

1. This exercise is basically an extension of Duduzile's story. Use the **'Group discussion'** to help participants reflect on how pregnancy affects future goals. The first question is for all participants followed by separate questions to ask adolescents and caregivers. Refer to **'Facilitator guidance: Protecting the future'** if any prompting is needed to reinforce key messages.
2. Review the **'Take home point.'**



Group discussion

Ask the group

- *Amathuba okukhulelwa aphazamise kanjani izinhlelo zekusasa likaDuduzile?*

Ask adolescents

- *Sicela ucabange ngemigomo zesikhathi eside ozibeke ekuhlanganeni kwangaphambilini. Ukhona omunye wenu ongaxoxa ngemigomo yakhe futhi abheke ukuthi ukukhulelwa okungahleliwe kungathikameza kanjani ukufezeka kwalemigomo?*
- *Yiziphi ezinye zezimo ezingathikameza imigomo yakho?*
- *Ungazivimbela kanjani lezi zimo ekutheni zenzeke?*

Ask caregivers

- *Yini ongayenza ukusiza abantu abasebasha ukuthi bafeze imigomo yabo kanye nokuvimbela lokhu okungase kube yizimo, ezifana nokukhulelwa kwabantu abasebasha?*



Facilitator guidance

Protecting the future

Duduzile's example

- Duduzile's goals are to receive an education and help people in her community.
- To reach these goals, she needs to get good marks in school, qualify for a bursary, attend university, and work hard.
- A pregnancy would affect her school studies, and her ability to obtain a bursary, thus risking her other goals.

Situations that might affect goals

- Unplanned pregnancy
- Alcohol or drug abuse
- Jail/criminal record
- HIV and untreated STIs
- Depression, hopelessness
- Community violence
- Gender-based violence

Ideas for preventing these situations

Adolescents:

- Communicating openly and often with your caregiver
- Knowing and exercising your rights in an assertive way
- Involvement in positive activities, such as sports and school
- Abstaining from sex; using condoms when you decide to have sex
- Getting tested for HIV and STIs
- Staying in school and doing your best
- Setting and working towards long- and short-term goals
- Finding positive ways to deal with feelings of anger or sadness
- Seeking help - for anything - from a trusted adult when you need it

Caregivers:

- Knowing your adolescent's friends and whereabouts (monitoring)
- Setting and enforcing rules that help keep them safe (discipline)
- Keeping communication open and listening actively
- Paying attention to changes in your adolescent's moods and behaviours
- Helping your adolescent to know their rights, including the right to live free of violence
- Spending quality time with your adolescent / doing pleasant activities together
- Help to build their self-esteem and encourage positive behaviour through praise
- Encouraging your adolescent to get tested for HIV and support them in doing so by helping them to get to a clinic etc.
- Reminding the adolescent to be hopeful about their future and work towards their goals

Take home point

Ukukhulelwa nokuba umzali okungahleliwe, njengabo bonke ubungozi, kungabeka engcupheni inhlalakahle yabantu abasebasha bese kuba yizingqinamba emigomweni zesikhathi eside. Bobabili abantu abasebasha nabanakekeli babo bangathatha izinyathelo ukusekela ukuthatha izinqumo ezinhle nokufezeka kwemigomo.



REFLECTION AND SHARING



(10 minutes)



Sesisekugcineni kokuhlangana kwanamhlanje okumayelana **nokuhlelela isikhathi esizayo**. Leli yithuba lakholokwabelana ngemibono yakho neqembu mayelana nalokhu kuhlanguana.

Ngingathanda ukuthi umuntu ngamunye axoxe ngokukodwa okusemqoka akufundile namuhlanokuthi ungakusebenzisa kanjani empilweni yakhe yansukuzonke.

GOAL SETTING AND PRACTICE AT HOME



(5 minutes)



Ukuhlangana okulandelayo ukuhlangana kwethu kokugcina. Phakathi kwamanje nangaleso sikhathi ngingathanda ukunikhuthaza nonke ukuthi **nibuyele emigomweni yobudlelwane benu bese nibheka ukuthi nenze kahle kanjani ukuzifeza. Zijwayezeni noma ngabe yiyiphi leyomigomo yobudlelwane niyobe senixoxa ngaleyo migomo ekuhlanganeni okulandelayo.**

CLOSING OF THE SESSION



Siyovala ukuhlangana ngokudonsa ilothoni. Sicela ufake isigqebhezana segama lakho kule nkomishi. Si yobe sesidonsa igama lowo muntu uyowina lesi siphon selothoni.

Ngiyabonga ngokuthi uhambele lokhu kuhlanguana. Ngiyojabula ukukhuluma nomuntu ngamunye ma yelana nalokho enihlangabezane nakho kulokhu kuhlanguana futhi uma singakwazi ukuthi senze kang cono okuthile esikhathini esizayo. Sengibheke ekuhlanganeni okulandelayo lapho esizoba **nomcimbi wokwetheswa iziqu nombungazo! Lokhu kuyoba okunye ukuhlangana okuhlangene kwabanakekeli nabantu abasebasha. Kusemqoka kakhulu ukuthi bobabili abanakekeli nabantu abasebasha bahambe lokhu kuhlanguana ngoba lokhu kuhlanguana okuhlangene kusebenza kuphela uma bobabili bezile. Ngenxa yalo mbungazo, lokhu kuhlanguana kungathatha isikhathi eside kunesivamile, ngakho hlela ukuhlala amahora ama-2, 5.**

Ngiyokubona esikhathini esizayo nge _____ (isikhathi nendawo) mhla zi- _____ (ilanga nosuku).

SESSION 14

Graduation and looking ahead (Joint session)

TIME

120 minutes

RATIONALE

The end of the program can be difficult for participants because of the impending loss of support and community that regular participation in the group has provided. The exercises in this final session are designed to empower participants by reminding them of their visions for the future, the skills they've learned, and the possibilities that exist for continued goal achievement and support beyond the program. The session ends with a celebration of participants' achievements.

GOALS

- To encourage adolescents and caregivers to reflect on progress toward their relationship goals
- To allow adolescent-caregiver pairs to have fun together, while creating a pictorial representation of their vision for the adolescent's future, and consider what they can do to support the realization of this vision
- To empower participants to find support from one another and community resources once the program ends
- To identify and share areas of personal growth as a result of the program, and consider areas that represent opportunities for continued practice
- To celebrate and recognize participants' achievements by awarding certificates and having a program closing celebration





SESSION OVERVIEW

Opening ritual: Caregiver ritual

Feedback from previous session (15 minutes)

Exercise 1: Shared vision for the adolescent's future (40 minutes)

Exercise 2: Stone soup (20 minutes)

Reflection and sharing (25 minutes)

Goal setting and practice at home (10 minutes)

Closing the session

Certificates and celebration (facilitator discretion, recommended minimum of 25 minutes)

MATERIALS NEEDED

- Name tags for participants
- Flipchart or black/white board and marking pens
- Art supplies: A1 papers (flipchart size), colour pencils, crayons, magazines, scissors and glue: enough for each family pair to use.
- Certificate of program completion for each participant
 - » Note: Programs can use and develop their own certificate as needed. A sample certificate template is available on the Program Resources Disc (Phase 3.).
- Food for the celebration
- Lottery prizes for all participants who have not yet received one



SPECIAL PREPARATION

- Estimate how many people have not received lottery gifts and have a small gift for each of them (alternatively, you can give each participant a small gift.)
- For the certificate ceremony and celebration, print or copy a certificate for each participant and fill in their full name. Make sure that you check the correct spelling of their name before writing it.
- Plan to have prepared food at the session as part of the celebration. If food is generally provided at sessions, try to plan for a special meal or treat.
- Because of the celebration, plan for this session to take about 2.5 hours.

OPENING RITUAL

Invite caregivers to lead the opening ritual.

FEEDBACK FROM PREVIOUS SESSION [In separate groups]

(15 minutes)



Instructions

1. Split adolescents and caregivers into separate groups. Adolescents will provide feedback only among adolescents, and caregivers among caregivers. The facilitator should lead one group and the co-facilitator should lead the other group.
2. In each group, ask someone to summarize the home assignment. Refer to the '**Home practice assignment summary**' text if clarification is needed. Use the '**Group discussion**' questions as needed to encourage discussion.
3. Encourage feedback from participants on their completion of the home practice. Ask them about their emotions, thoughts and behaviours related to the home practice.
4. Spend some time on areas where there were challenges and use group problem solving to get ideas on how the situation can be dealt with. Use one of the challenges as a role-play. The co-facilitators can model it.
5. Praise participants for their efforts to problem solve.



Home practice assignment summary

[Caregivers and Adolescents] Umsebenzi obekumele niwenze bekuwukubuyela emuva emgomeni yobudlelwane benu bese nibheka ukuthi nenze kahle kanjani ukuyifeza, kanye nokuzijwayeza noma yiyiphi okwakuwumgomo wobudlelwane benu.



Group discussion

- Ubani ongathanda ukuxoxela iqembu ngomgomo wobudlelwane bakhe?
- Namhlanje ukuhlangana kokugcina. Kulabo abezwa sengathi abakazifezi imigomo yobudlelwane babo, yini enizoyenza ukuqhubeka nokusebenza ngomgomo wobudlelwane uma nisuka lapha?
- Kulabo abezwa sengathi bayifezile imigomo yobudlelwane babo, ningake nicabange ngomgomo wobudlelwane entsha eningasebenzela ukuyifeza?



EXERCISE 1: SHARED VISION FOR THE ADOLESCENT'S FUTURE ²²



(40 minutes)

Rationale

The goal of this exercise is to engage participants in a fun, reflective exercise designed to further strengthen the caregiver-adolescent bond. In family pairs, adolescents share the long-term goals they have set for themselves, while caregivers share their vision for the adolescent's future. They then create a picture and/or collage together with their shared dreams. The exercise is designed to support communication between caregivers and adolescents, encourage them to identify areas of common interest, and provide them with a physical memento of their program experience. It concludes with a discussion of ways they can promote the realization of their vision.



Instructions

1. Introduce the exercise. Refer to '**Introduction: Shared vision for the adolescent's future**' text as needed. Separate the group into adolescent-caregiver pairs. Remind everyone to share their goals and vision with their caregiver/adolescent before beginning to create the collage.
2. Distribute A1 (flipchart size) paper to participants along with the materials they will need to create the collage (colour pencils, crayons, magazines, scissors and glue.) Allow 20 minutes for working on the collage. If participants finish in less time than 20 minutes, encourage them to share their pictures in small groups.
3. After about 20 minutes, bring the group back together and conduct the '**Group discussion**' questions. Encourage responses and voice support for participants to realize their vision. Refer to '**Facilitator guidance: Suggested responses for the shared vision for adolescent's future discussion**' for points to focus on.
4. Review the '**Take home point.**'

²¹ Adapted from (1998) Teens and Adults Learning to Communicate (TALC: LA), Phase 3, Session 16. Los Angeles: Center for HIV Identification, Prevention and Treatment Services.

Introduction: Shared vision for the adolescent's future

Bantu abasebasha, benikade nisebenza ngemigomo yesikhathi eside njengengxenywe yalokhu kuhlangu (bheka Iphepha lokusebenzela ukubeka imigomo uma udinga ukuzikhumbula.)

Banakekeli, senicabangile ngemibono yenu mayelana nekusasa labantu benu abasebasha (ningakhombisa umuntu osemusha Iphepha lombono wami ngekusasa lomuntu osemusha.)

Njengamanje sizonibeka ngababili bese sinicela ukuthi nixoxe ngemibono nemigomo yesikhathi esizayo. Niyobe senisebenza ndawonye ukwakha into ehlangene, ngemidwebo eyengeziwe eniyithandayo, nikhombise ikusasa eninalo nobabili.



Group discussion

- Ngabe yini into eyodwa abantu abasebasha abangayenza ukuzisiza bafinyelele kule mibono nemigomo?
- Ngabe yini into eyodwa abanakekeli abangayenza ukusiza abantu abasebasha bafeze le mibono nemigomo?



Facilitator guidance

Suggested responses for the shared vision for adolescent's future discussion

Look for responses such as:

Adolescents can:

- Attend school and do your best
- Get involved in clubs/activities
- Form positive connections with caring adults (family members, teachers, coaches, religious leaders, etc.)
- Make positive choices that keep them HIV/STI-free and prevent unplanned pregnancy
- Write down goals and revisit progress towards them often

Caregivers can:

- Keep communication open
- Express support for adolescents and praise them
- Monitor adolescent behaviour and wellbeing
- Provide opportunities for adolescents to get involved in extracurricular activities such as sports, church, clubs, etc.
- Share your goals for your adolescent and ask about his/her goals and progress towards them

**Take home point**

Kusemqoka ukucabanga ngemigomo yethu yesikhathi esizayo kanye nokuthi singafinyelela kanjani kuzo. Kusemqoka futhi ukuthi sijabule sonke sindawonye. Nonke nisebenze kanzima kulokhu kulangana futhi sithemba ukuthi lo msebenzi unikhumbuza ukujabula eningase nibe nakho njengomndeni osebenza ndawonye futhi onokuxoxisana.

EXERCISE 2: STONE SOUP²³

(20 minutes)



Rationale

This exercise starts with a story about a community working together, which is designed to uplift and empower participants, and facilitate discussion about ways to keep momentum from the program going forward. This provides a natural opportunity for the participants to consider different ways of establishing their own support systems after the group ends.

Instructions

1. Read the **'Stone soup'** story and ask participants to think about how this story might be similar to the story they have as a group.
2. Ask the **'Group discussion'** questions. Elicit feedback. Write positive suggestions on the flipchart, and refer to **'Facilitator guidance: Potential responses to the Stone soup discussion'** for points to look for.
3. If participants suggest staying in contact or continuing to meet regularly, then suggest that someone takes the responsibility for getting the group together using **'Facilitator guidance: Establishing support groups.'**
4. Review the **'Take home point.'**



Stone Soup (Isobho Letshe)

Kwake kwakhona isigodi esihle. Abantu balesi sigodi babehlala njalo bejabule ngoba babengaswele lutho. Babenemfuyo, izithelo nemifino ngoba isigodi sabo sasivunde kakhulu. Babengakwazi ukuhlupheka.

Kodwa-ke emva kwesikhathi kwaba nesomiso. Yayingekho imvula futhi imfuyo yabo yayifa. Izikhathi zaba nzima ngoba manje kwase kunendlala esigodini. Abantu baqala abangabe besakhulumisana ngoba wonke umuntu wayebhekene nenkinga yakhe.

Ngelinye ilanga kweza isalukazi kulesi sigodi sithwele ibhodwe elikhulu elimnyama siphethe isikhwama esincane esinsundu. Uma sifika maphakathi nesigodi, sabeka phansi ibhodwe elikhulu elimnyama sahlala eduze kwalo saphumula. Umfana oncane wasibona lesi salikazi futhi wasibuza "Gogo, wenzani ngalelo bhodwe elikhulu elimnyama?"



²³ Stone Soup is a traditional tale as narrated by Sussie Mjwara and Jamie McLaren Lachman (Sinovuyo Caring Families Programme); Discussion points and guidance that follow adapted from Doubt, J., Lachman, J. M., Cluver, L., Ward, C., and Tsoanyane, S. (November 2015). Sinovuyo Caring Families Programme for Parents and Teens: Facilitator Handbook, Session 12. South Africa: UNICEF and World Health Organization.



"Ngizokwenza Isobho Letshe!" kwaphendula isalukazi. Lokhu kwamdida umfana. Ubani owake wezwa Ngesobho Letshe?

Ngenxa yokuthi wayengumfana owayefuna ukwazi, ehlala enemibuzo eminingi, wabuza, "Ngisacela ukukusiza, gogo?"

Ugogo wajabula kakhulu uma umfana ecela ukusiza. "Yebo, ungangisiza! Hamba uyokha amanzi bese ufuna nezinkuni, ngane yami," kwasho isalukazi.

Ngesikhathi umfana ebuya namanzi, ugogo wayesewubasile umlilo omkhulu ofudumele.

Wabeka ibhodwe elikhulu elimnyama emlilweni wase wathela amanzi ebhodweni. Wabe esevula isikhwama sakhe esincane esinsundu wakhipha itshe elikhazimulayo, eliyindilinga elimhlophe. Walifaka ebhodweni elikhulu elimnyama waqala wagoqoza, emumuza ingoma endala yokupheka.

Akuthathanga sikhathi esingakanani ngesikhathi abanye beqala ukubona ukuthi kunomlilo ovuthayo maphakathi nesigodi. Basuka ngabanye ngabanye emakhaya ukuzobona ukuthi kwakwenzakalani.

Izindaba zabhebhethaka ngokushesha isigodi sonke. Bonke abantu basesigodini bashiya imizi yabo ukuyobona ngamehlo abo lo wesifazane omdala ohlanyayo kanye Nesobho lakhe Letshe. Njengoba abantu babefika, lo wesifazane omdala waqhubeka nokugoqoza ibhodwe elokhu emumuza.

Wathi uma ebona ukuthi sekuqoqene abantu abaningi, wayeka ukugoqoza wanambitha isobho lakhe elalingamanzi. "Mmmmmmm... Leli kuzoba yisobho elimnandi kakhulu. Ukuthi nje kukhona okushodayo. Ukube nje bekuno-anyanisi..."

Omunye umama wayeno-anyanisi abambalwa akade ebabekile. Babebancane futhi beshwabene kodwa babengadleka. "Nginabo o-anyanisi," washo kanjalo. Wabalanda emzini wakhe, wabaqoba, wabafaka ebhodweni elikhulu elimnyama elibilayo.

Emva kwesikhashana esithe ukuba sidanyana, ugogo waphinde walizwa futhi isobho. "Yebo, leli sobho lizobamnandi kakhulu. Kodwa lishoda ngokuthile.... Uma nje bekungaba neminye...."

"Imifino!" kwasho izwi esixukwini, "Lidinga imifino eminingana. Nginespinashi. Asisiningi kodwa ungasisebenzisa." Omunye umuntu waletha amazambane amadala ambalwa.

Omunye wayeneklabishi. Omunye ugaligi. Izaqathe. Ithanga. Usawoti. Inkukhu endala eyondile. Inyama yembuzi. Okokunandisa.

Iphunga lesobho lagcwala esigodini. Lakhumbuza abantu ngezinsuku zakudala. Baqala ukukhulumisana, bexoxelana izindaba nezindatshana, ngisho amahlanya. Uhleko lwaphinde lwezwakala futhi okokuqala emva kweminyaka eminingi.

Ekugcineni, isalukazi sayeka ukugoqoza. Sanambitha isobho samemezela ngokuqhakaza kwamehlo aso, "Leli Sobho Letshe seliyalunga. Kuningi kakhulu okudliwayo. Angazi ukuthi ningangisiza yini ukuthi ngiliqede, ngiyacela."

Wonke umuntu wabuyela ekhaya lakhe wayolanda izitsha nezipuni. Yize abantu babebanengi, kwakubalingene bonke abantu. Balidla isobho baze basutha. Futhi kwakuyisobho Letshe elimnandi kakhulu abake balidla. Emva kwalokho abantu basesigodini bambonga lo wesifazane base bebuyela emakhaya abo behamba bexoxa. Kwaphinda futhi, kwaba nomsindo wokuhleka nokucula emoyeni ngalobo busuku.

Ngaphandle kwamazwi okuvalelisa, waqala wahamba kancane emgwaqeni onomoya ophumela ngaphandle kwesigodi.

Ngaphambi kokuthi ahambe, umfana wambona wagijima waya kuye. "Uhambelani, gogo?" kubuza umfana.

"Umsebenzi wami usuphelile lapha," kwaphendula isalukazi. "Kodwa sidinga umuntu ofana nawe ukusisiza," kwasho umfana.

Isalukazi safinyelela esikhwameni saso esincane esinsundu sanikeza umfana itshe elimhlophe. "Unazo zonke izithako ozidingayo ukwenza Isobho Letshe." Sabe sesihamba kancane sehlisa umgwaqo.

Umfana wabukela wabhabhayiza kwaze kwaba akasakwazi ukumbona.

Abantu basesigodini abaphindanga bambona lowo muntu wesifazane. Kodwa impilo esigodini yaqhubekela phambili – ezikhathini ezinhle kakhulu nasezikhathini ezinzima kakhulu abaphindanga balahlekelwa ukubambisana futhi njengoba babeqhubeka nokwenza isobho Letshe elimnandi kakhulu.



Group discussion

- Yiziphi ezinye "zezithako" esinazo emphakathini wethu ukuqhubeka sisekelane?
- Yiziphi izindlela esingaqhubeka ngazo senze ngcono izimpilo zethu emva kwalolu hlelo?

Konke enikushoyo ngizokubhala kwifiphushathi .



Facilitator guidance

Potential responses to the Stone soup discussion

- Relationships have been formed and participants can stay connected to the group. Try to meet regularly with individuals or even as a group once a week.
- Remember the other sources of support in the community.
- Keep practicing all the skills that were learned: i.e., goal setting, problem solving, changing negative thoughts, active listening, open communication, rule-setting, monitoring, short- and long-term goals, staying safe, etc.

Facilitator guidance

Establishing support groups

It is important that the initiative for continuing to meet or support each other comes from participants themselves!

If it does, help them to identify the following:

- Person (or people) responsible for organizing the support groups
- Place where the participants can meet (help group families according to the areas where they live)
- Time and day that will best suit everyone

Exchange phone numbers and contact details



Take home point

Lolu hlelo selusize ababambe iqhaza abaningi ukuthi bazijwayeze amakhono ehlukene, kodwa amaningi kuwo avela emibonweni naselwazini lwabanakekeli nabantu abasebasha. Ngakho-ke, ababambe iqhaza sebevele banamathuluzi abawadingayo ukuqhubeka nokusekelana bona nemindeneni yabo.

REFLECTION AND SHARING²⁴

(25 minutes)



Instructions

1. Use the '**Introduction: Reflection**' text to help participants relax and reflect on what they have learned.
2. Ask the '**Group discussion**' question; refer to '**Facilitator guidance: Reflection prompts**' for extra questions to solicit discussion as needed.



Introduction: Reflection

Manje sizobheka emuva kulokho esikutholile kuwo wonke lo mhlango wokufunda – kusukela ekuhlanganeni kokuqala kuze kube namhlanje.

[DO NOT READ THE WORD 'PAUSE,' YOU INSTEAD PAUSE AT THIS POINT]

Ngiyakumema ukuthi uvale amehlo akho bese uzithola usesimeni sokuhlala esikhululekile. Ikhefu.

Qaphela ukuthi uyaphefumula. Ikhefu.

Qaphela ukuthi uzizwa kanjani emzimbeni. Qaphela noma yikuphi ukucindezeleka noma umuzwa omnandi Ikhefu.

Qaphela ukuthi uzizwa kanjani emoyeni. Ikhefu.

Vumela imicabango yakho iye emuva osukwini lokuqala nindawonye. Ikhefu.

Khumbula ukuthi kwakunjani ukubonwa yiqembu okokuqala. Ikhefu.

Kwakuyini izinjongo zakho ekuqaleni kwalolu hlelo? Ikhefu Elide.

Vumela imicabango yakho isabalale kukho konke ukuhlangana kuze kube namhlanje. Yini oyifundile ngesikhathi salolu hlelo? Ikhefu Elide

Uguquke kanjani? Ikhefu Elide

Buguquke kanjani ubudlelwane bakho nomnakekeli/umuntu omusha wakho? Ikhefu Elide

Umndeni wakho waguquka kanjani? Ikhefu elide.

Ngabe Yimiphi imigomo oyibekile futhi wayifeza selokhu kwaqala lolu hlelo? Ukuthula isikhathi eside.

Qaphela ukuthi uzizwa kahle kanjani njengamanje. Ikhefu

Uma usukulungele, ungawavula amehlo akho.

²³ Adapted from Doubt, J., Lachman, J. M., Cluver, L., Ward, C., and Tsoanyane, S. (November 2015). Sinovuyo Caring Families Programme for Parents and Teens: Facilitator Handbook. South Africa: UNICEF and World Health Organization.



Group discussion

- *Manje njengoba usube nethuba lokubheka uhlelo, asabelane ngezinye zezinto ozifundile. Ubani ofuna ukuqala?*

Facilitator guidance

Reflection prompts

- What was the most important thing you learned?
- How have you changed?
- How has your relationship with your caregiver/adolescent changed?
- Did you find something we discussed especially helpful when you implemented it as part of your home practice or goal setting?
- Did anybody feel that their family project was successful and want to tell us about it? What skills that you learned in the program did you use to make your family project successful?

GOAL SETTING AND PRACTICE AT HOME

(10 minutes)



Instructions

1. Encourage participants to continue to set goals and practice them; refer to '**Introduction: Continued goal-setting**' as needed.
2. Go around the room and ask each person to say one thing they can continue to practice. Refer to '**Facilitator guidance: Examples of ongoing home practice assignments**' as needed to suggest ideas.



Introduction: Continued goal-setting

Lokhu ukuhlangana kwethu kokugcina, kodwa kumele njalo nizibekele imigomo futhi nizijwayeze ekhaya lokho enikufundile. Umsebenzi wenu njengengxenywe yomndeni awupheli! Ngelinye ilanga, amakhono amaningi eniwafundile futhi enizijwayeze wona ekuhlanganeni kwethu ayozenzakalela ngendlela yokuthi angeke wacabanga nangawo uma uwenza. Kuze kufike leso sikhathi, kumele sizijwayeze! Yini into eyodwa okumele umuntu ngamunye kuni aqhubeke nokuzijwayeza yona? Ziklomeliseni njalo uma nenza umsebenzi wokuzijwayeza ekhaya noma nifinyelele emgomeni!



Facilitator guidance

Examples of ongoing home practice assignments

- Goal setting
- Problem solving
- Changing negative thoughts
- Active listening
- Using "I" statements
- Praising positive behaviour
- Rule-setting
- Using consequences
- Monitoring
- Creating short- and long-term plans
- Communicating about sexuality
- Be assertive, negotiate what you want
- Keeping safe and keeping others safe (abstinence, using condoms, HIV & STI Testing)

CLOSING THE SESSION



Beniyiqembu elihle kakhulu futhi sifunde lukhulu omunye komunye.

Namhlanje sizodonsa ilotho yethu yokugcina. Namhlanje kuthe ukhuluka ngoba ngifuna ukubona labo abangazange babe nalo ithuba lokuwina ilotho [noma: ngifuna ukubonga wonke umuntu eqenjini ngesipho esincane.]

[Give gifts to all of those who have not yet received lottery gifts (or to each participant)]

Siyabonga ukuthi nihambele lokhu kuhlangu nokuxoxa kangaka ngani. Ngiyethemba ukuthi nikujabulele ukuza eqenjini. Amakhono eniwafundile sithemba ukuthi ayonisiza ezimeni eziningi, ikakhulukazi emindenini yenu kanye nasekutholeni ikusasa elihle.

CELEBRATION AND CERTIFICATE



(25 minutes minimum recommended)



Instructions

1. Refer to '**Special Preparation**' to prepare for the celebration.
2. Ask caregivers and adolescents to come up and get their certificates one by one. Allow for lots of celebration!
3. After everyone has received their certificate, finish with a round of applause or song. Then allow everyone to gather and eat prepared food together.

Support for this project is provided by USAID Southern Africa under the United States President's Emergency Plan for AIDS Relief (PEPFAR) through Cooperative Agreement AID-674-A-12-00002 awarded to Tulane University. The views expressed in this document do not necessarily reflect those of USAID or the United States government.

